



The Office Of The Principal and Vice - Chancellor

USOLWAZI MANDLA MAKHANYA, UTHISHANHLOKO NESEKELA-SHANSELA

**INYUVESI YASENINGIZIMU
AFRIKA**

ISIWOMBE SOKWAMUKELA 1: UMHLANGANO

WOKUXOXISANA NOKWETHULWA KWENCWADI

OKOKUQALA *INyuvesi yaseNingizimu Afrika kanye*

NamaNyuvesi AseNingizimu Afrika Aguqukayo: Ukwakha

iNyuvesi yase-Afrika: Esikhathini Esidlule, Samanje Nesizayo

**IHholo iSenate Hall, eKamu Le-Unisa
iMuckleneuk**

7 KuMandulo 2018

- KuMphathihlelo, uDkt Somadoda Fikeni, uMqondisi: Wezinhlelo Ezikhethekile NoMeluleki kaThishanhloko NeSekela-Shansela
- USolwazi R Viljoen, USihlalo WoMnyango Wezomlando Nomholi Wemisebenzinhloso

- USolwazi A Manson, umbhali wencwadi eshicilelwe
- AmaLungu Esigungu Esiphezulu Sase-Unisa kanye nabo Bonke Abaphathi
- Ababambiqhaza namhlanje ekuseni:

o USolwazi Z Motsa, uMqondisi: UMnyango Wokuphathwa
KweScholarship in the Change

o USolwazi Msila, uMqondisi eMnyangweni Wokulawulwa
Koguquko

- UMongameli weNSRC: UNksz Z Sodladla
- UMongameli weMbizo: UMnu S Mhlungu
- USihlalo WeNEHAWU: UMnu L Hontoti
- USihlalo We-APSA: UMnu JJ Jonker
- USihlalo weSigungu Sabesifazane e-Unisa: UDkt S Kumalo
- USihlalo we-Black Forum: USolwazi H Mogashoa
- Abasebenzi base-Unisa nezitshudeni zethu
- kanye neqembu lethu lomculo lase-Unisa

Ngiyanamukela nonke kulolu suku oluhle kangaka lokuthwasa kwehlobo. Izimpawu zemvuselelo zikuyo yonke indawo. Njengoba silinde ukuba umuthi ijakharanda uqhakazise izimbali ngasekupheleni kwale nyanga nangoMfumfu, ngizitshela ukuthi ngizonitshela ngamaqiniso athokozisayo kanye nokumbalwa engikubonile.

Imithi yejakharanda inomlando omnandi eNingizimu Afrika. Njengoba yaqala ukuvela eNingizimu NeMelika ngokwendabuko, umlando wayo eNingizimu Afrika ungabuyiselwa emuva ngesikhathi seminyaka yo-1880, ngenkathi ilandwa e-Argentina kanye nase-Brazil. Ngaphambi kokuba kutholakale igolide eWitwatersrand ngo-1886, kwase kukhona abalimi abambalwa endaweni abeza nezimbewu besuka nazo eKapa, batshala i-oki, iwolinathi kanye nemithi yethu yejakharanda. Eqinisweni, usomabhizinisi uWilliam Nelson, owayenebhizinisi elalaziwa ngokuthi yi*Nelsonia Nurseries*, ngazuthi watshala *amakhilomitha ayi-106* emithi emigwaqweni yendawo eyiphethelo ledolobha eyayiyintsha iKensington (eGoli). Lo msebenzi wathatha isikhathi esingangezinyanga eziyisithupha ukuphela, okungumsebenzi omkhulu uwodwa nje. Kukholakala ukuthi ngeminyaka yo-1880, imithi emibili yejakharanda yatshalwa engadini yase*Myrtle Lodge*, okuyindawo esiyisikole iSunnyside School e-Arcadia namhlanje. Kukhona ngisho umfanekiso oqoshiwe owakhiwelwa ukukhumbula lokhu.

Ngakho-ke, ngiyacabanga ukuthi singasho sithi sabuswa ngokombuso wamakoloni ngisho nayimithi yezimbali zejakharanda! - phezu kwalokho, eGroenkloof, kukhona imithi yezimbali zejakharanda *ezimhlophe* eyalethwa lapha yisakhamuzi sasePitoli. Kwanele manje lokhu esengikushilo.

Ngakho-ke, singasho sithi cishe imithi yejakharanda isibe khona isikhathi esingangeminyaka eyi-138, kanti futhi uma sicabanga ukuthi leso yisikhathi eside, kumele sikhumbule ukuthi i-Unisa isibe khona *iminyaka eyi-145*. Sigubha lokho njengamanje! Yebo, i-Unisa isibe khona isikhathi esidlula imithi yejakharanda yaseGauteng. Kanti futhi, njengoba imithi yejakharanda inomlando omnandi - nanjengoba ishiye umaka wezimila ongasoze wasuka eGauteng naseNingizimu Afrika, ne_Unisa yenze kanjalo - kodwa-ke owethu *ngumaka wezemfundo* kanti futhi ngingasho ngithi isibe nomthelela omkhulu nobalulekile ekuthuthukisweni kwezwe lethu.

Ukuthi lo mthelela ubaluleke kangakanani, nokuthi udaba nomlando wase-Unisa wenzeke kanjani eminyakeni eyi-125 edlule kuyisihloko esijulile - kakhulu kunakuqala. Kube khona imibhalo eshicilelwe esikhathini esedlule neqoshwe emlandweni wethu, kodwa izingqikithi ezikhona zaqinisekisa izichasiso ezingavezi konke ngokuphelele. I-Unisa yayingaphezu futhi isangaphezu kwalokho. Umlando wethu, kusukela ekushicilelweni kombhalo wokugcina kaBoucher (1973), ubungakakutholi ubulungiswa obuwufanele. Kusukela ekubeni yisikhungo esithungwe sahlanganiswa saba yindwangu yombuso wobandlululo kusukela ngo-1948 kuya ngasekuqaleni kweminyaka yo-1990, i-Unisa seyiguqukile yashintshela kwinyuvesi eveza negqugquzela

imvelo kanye nomumo womphakathi okhululekile. Ngemva kombuso wobandlululo, i-Unisa yaguquka ngamandla kokuphathelene nesu layo, ukuhambisana ngokwezinga lezwe, lwezwekazi nelomhlaba wonke kanye negalelo layo, ukuhlukana ngokwezigaba zobuholi, abaphathi, abasebenzi kanye nabafundi. Yindaba edinga ukuxoxwa kanti futhi yiso isikhathi lesi.

Umlando wase-Unisa unezahluko eziningi, kanti futhi ngiyazi ukuthi ngelinye ilanga, esikhathini esizayo, njengoba inyuvesi iqhubeka ukuguquka ngokuhambisana nesikhathi, kuyoba khona okunye ukwethulwa kwencwadi edingida kabanzi esinye isahluko, ikakhulukazi leso esikhuluma ngeqhaza labaholi babafundi kanye nabasebenzi abangamalungu ezinyunyana ekuthuthukeni kwethu. Okwamanje, asibungaze ukuphothulwa kwalo msebenzinhloso wesikhungo obaluleke kangaka kanye nokwethulwa kwalo mqingo ohlabahlosile.

Bozakwethu, ngiyathokoza ukuba yingxenye yalokhu kwethulwa kwale ncwadi kanye nezingxoxo ezizoba khona osukwini lwanamhlanje. Ngingathanda ukuhalalisela wonke umuntu oyingxenye yokukhiqizwa kwayo, kusukela kubaphathi bomsebenzinhloso, kuya kumbhali, ababuyekezi abahlola umbhalo kanye nabagayi bezincwadi.

Isiwombe sanamhlanje ekuseni siyingxenye yokuqala yohlelo lwethu

"Ikwakhiwa kwenyuvesi yamabanga amade". Emva kwesikhathi namuhla, sizoya esiwombeni sesibili esigxile *"emaNyuvesi aseNingizimu Afrika aguqukayo: esikhathini samanje nesakusasa"*. Ngiyaninxusa ukuba nihlale nethamele konke okuzoqhubeka.

Ngiyanimema ukuba nihlale phansi ngokunethezeka nizitike embungazweni womlando nezingxoxo ezisimele.

Ngiyabonga.